

UKUKHOKHWA KWEMALI EQQWAYO YENGXENYE YONYAKA

Tshwane, 26 kuMandulo 2025 - UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) ukhuthaza bonke abakhokhintela okumele bakhokhe ukuba bakwenze lokhu ngezinsuku eziseduze ezikhona ukugwema ukubambezeleka, izinhlawulo kanye nenzalo okungenasidingo ngenxa yokukhokha emuva kwesikhathi.

Bonke abakhokhintela abazobe bekhokha kwaSARS besebenzisa izinkundla ezifana ne-eFiling, EFT kanye nokukhokha emaBhange bangaqiniseka ukuthi lezi zinkundla ziyashesha, zivikelekile futhi ziphephile. Lezi zinkundla zedijithali zihambisana nemigomo yamazwe omhlaba eyaziwayo, futhi zisebenziseka kalula - okwenza abakhokhintela bakwazi ukusebenza noSARS futhi bathobele izibopho zabo ezingokomthetho.

USARS unxusa abakhokhintela ukuba bahlale beqaphile futhi bagcine imininingwane yabo iyimfihlo. Imininingwane yakho ezinkundleni zezezimali ihlala isengcupheni. Amaqola asezame kaningi ukuqola abakhokhintela. Abakhokhintela bayakhunjuzwa ukuthi uSARS asoze wacela ukuba abakhokhintela basebenzise ikhonco lokuxhumanisa lapho bexhumana nawo. Abasebenzisi be-eFiling kumele bavikele imininingwane yabo yokungena futhi basebenzise izisebenzi zentela ezibhalisiwe.

Inyanga kaMandulo iqopha ingxenye yonyakamali, kanti uSARS ufisa ukubonga bonke abakhokhintela abaqhubeka nokunikela ngokuzinikela esikhwameni sombuso ngokukhokha izintela zabo.

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za